

ULihle noLwandle baya kumtapo wolwazi bayofunda ngoba babhala izivivinyo.

ULihle ulinde ngaphandle. Ubiza udadewabo, “Sheshisa Lwandle!”



“Sengilungile,” kusho uLwandle evala umnyango wangaphambili.

“Kungani ugqoke lezo zimpahla? Yini inkinga yakho, uyagula yini?” kubuza uLihle.



“Uma isimo sezulu singabanda, ngizobe ngizilungiselele!” ehleka kakhulu uLwandle.

ULihle uyaphendula, “Usuku olufudumele lwasehlobo, wena ugqokele isikhathi sonyaka okungesona.”



Njengoba behamba, uLwandle uthi, “Kusekuseni, ilanga selibalele futhi likhanya bha.”

ULihle uyaphendula, “Yebo, yingakho wonke umuntu egqoke izimpahla zasehlobo!”



ULihle uyachaza, “Kulesi sikhathi sonyaka, ilanga lisheshe liphume, bese liyephuza ukushona kunakwezinye izikhathi zonyaka. Maningi amahora asemini. Amazinga okushisa aba phezulu kakhulu ehlobo.”



“Awusakhumbuli lutho kulokho esakutshelwa uthisha wethu?” kubuza uLihle ephelelwa isineke.

ULwandle uyacabanga, bese ethi, “Yebo, ehlobo siphuza iziphuzo ezibandayo. Ngifuna isiphuzo esibandayo!”



“Ehlobo sigqoka izimpahla ezilula. Abanye abantu basebenzisa izambulelela ukuzivikela elangeni,” kusho uLihle.

“Ungasheshisi kakhulu, ngiyafa ukushisa!” kukhalaza uLwandle.



“Bheka wonke umuntu uyazipholisa echibini lokubhukuda. Asihambe nathi siyobhukuda, kushisa kakhulu ukuthi singayofunda,” kuhleka uLwandle.

ULihle unikina ikhanda ezwa udadewabo esho lokhu.



“Ngiyawathanda amagwava namalitshi,” kusho uLihle, ebuka izithelo zasehlobo ezidayisayo.

“Ngomile,” ephefumulela phezulu uLwandle.

“Thatha, bengiphethe amanzi,” kumoyizela uLihle.



“Lokhu kushisa kudlulele! Liphela nini ihlobo?” kukhefuzela uLwandle.

ULihle uyahleka, “Kuzomele ujwayele ngoba lisanda kuqala ihlobo. Amazinga okushisa azoqhubeka ekhuphuka.”

## ——Imibuzo

1. Thola okuthatha kule ndaba okwenzeka ehlobo.
2. Iyiphi intombazane egqoke izingubo:
   - zasebusika?
   - zasehlobo?

   Chaza izimpendulo zakho.
3. Ingabe ihlobo lapho uhlala khona lihlukile noma liyafana naleli okuxoxwa ngalo kule ndaba? Chaza.
4. Bhala izinto ezimbili esingazisebenzisa ukuzipholisa.

